# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## NOVEMBA 2019

## IBANGA LE- 11

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13

## IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
6. Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
7. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
8. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | imizuzu engama-40 |

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMBUZO 1

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingenzansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

AMAQEMBU EZIGELEKEQE

Amaqembu anhlobonhlobo ezigelekeqe ayinkinga ekhungethe imiphakathi eminingi yakuleli laseNingizimu Afrika. Lo mkhuba ugqame kakhulu entsheni esafunda naleyo eyahlulwa yisikole. La maqembu anomthelela omubi kakhulu kubantu, emindenini kanye nasemiphakathini.

Ziningi izinto ezenza kube namaqembu ezigelekeqe emphakathini. Izinga eliphezulu lokungasebenzi, izingane ezihlala zodwa kanye nokungahlalisani kahle kwabantu bezinhlanga ezahlukene. Konke lokhu kungaba imbangela yokusunguleka kwamaqembu ezigelekeqe. Imvamisa amalungu omphakathi asekhulile ayizigelekeqe, asebenzisa abantu abasha ukufeza izinhloso zawo. Abaheha ngokubathengela izingubo zokugqoka ezinamagama, abanikeze imali kanye nokubavikela bona nemindeni yabo ikakhulukazi labo abahlala ngabodwana. Lokhu kwenza kube nzima ukuba amaphoyisa ababophe abasunguli kanye nabaphathi bala maqembu.

Abafundi abazibandakanya namaqembu ezigelekeqe, bayahluleka ukuphumelela ezifundweni zabo ngenxa yokuphutha njalo esikoleni nokungabi nesikhathi esanele sokufunda kanye nokubhala imisebenzi abayinikezwa ngothisha. Umfundi uphenduka inyamazane yamanye amaqembu, **alale obenyoni**. Bangazithola besengcupheni yokubulawa umphakathi. Bayisibonelo esibi emindenini nasemphakathini abahlala kuyo ngoba ezinye izingane ezingothathekile zingabukela kubo.

Okubi kakhulu ukuthi abanye abantu bayaye babe ingxenye yala maqembu ngenjongo yokuba ngosaziwayo. Ungaba usaziwayo kanjani ube ugila imikhuba, uhlupha umphakathi, ugqekeza, udlwengula ubuye udle nezidakamizwa? Lafa elihle kakhulu! Lesi senzo sithunaza isithunzi sabazali futhi senza ukuba **babe nyamanambana** kwabanye abantu. Akubi nenqubekela phambili nentuthuko ebonakalayo emphakathini ngenxa yalaba

bantu abambalwa. Abazali balezi zigelekeqe bagcina bebukeka njengezahluleki zabazali.

Imindeni yalabo abakulawa maqembu ezigelekeqe iyahlukumezeka ngendlela emangalisayo. Umphakathi uyaye uyibhekise kuyo inzondo ngenxa yezenzo zezingane zayo. Uye ucabange nokuthi abazali banesandla ngokuziyekelela zibe **umhlambi kazelusile**. Eqinisweni abazali nemindeni eminingi bayazama ukukhuza izingane zabo kodwa kuba nhlanga zimuka nomoya. Ayikho into ebuhlungu njengokuthi uma ungumzali wamukele ukuthi ingane yakho iyihlongandlebe. Abanye abazali bagcina sebenezifo ezinhlobonhlobo ngenxa yengcindezi ehambisana nokungaziphathi kahle nokungalaleli kwezingane zabo. Akulula-ke ukutakula ingane kulolu bishi. Eminye imindeni igcina ilahlekelwe impilo yayo idutshulwe noma igencwe ngocelemba ingenzanga lutho.

Izikole yizindawo eziyaye zithinteke kakhulu kule nkinga yamaqembu ezigelekeqe. Kuyenzeka umfundi athungathwe elinye iqembu lingamtholi bese lakha itulo lokuyomhlasela esikoleni. Lokho kuyazihlukumeza ezinye izingane ngoba amaqembu ayaye afike ehlome eyizingovolo asabise othisha kanye nabanye abafundi. Izikole sezaba indawo engenakho ukuphepha. Sekunezigameko eziningi ezibikwa imithombo yabezindaba eyahlukene mayelana nabafundi ababulawelwa noma balinyazelwe khona ezikoleni. Angisayiphathi-ke eyokusatshiswa kothisha ngoba umfundi ethembe iqembu lakhe. Kwesinye isikhathi kuba nzima ukuthi othisha bahlale ezindaweni lapho izikole abafundisa kuzo zakhiwe khona ngoba besabela ukuhlukunyezwa kwemindeni yabo ikakhulukazi izingane zabo. Lokhu kwenza kube ngumqansa ukusebenza nalolo hlobo lwabafundi ngoba lufuna ukwenza umathanda nasemagunjini okufundela.

Ukwanda kobugebengu endaweni kwenza umphakathi uzithole usukhinyabezeka kwezomnotho nasentuthukweni esuke ihleliwe. Lokhu kudalwa ukuthi imali eningi iqulelwa ezinhlelweni zokulwa nobugebengu obuhlobene namaqembu ezigelekeqe. Amalungu omphakathi athwala kanzima, agcina ephoqeleka ukwamukela impilo engenayo intuthuko kanye namathuba ezomnotho amfimfayo. Abanamakhono nezifundiswa zendawo bagcina beyifulathele leyo ndawo ngoba besabela ukuphepha kwabo. Bakhetha ukufudukela kwezinye izindawo unomphelo. Kwesinye isikhathi ngisho nabantu ababefike benentshisekelo yokuphucula lowo mphakathi abavela kwezinye izifundazwe bayaye badikibale babambe abeza ngayo. Abatshali zimali nabamabhizinisi bavele baqome ukuhambela kude.

Ingqalasizinda yendawo iyalimala ngoba kwesinye isikhathi kunqanyulwa izintambo zezingcingo nezikagesi ukuze benze imisebenzi yabo yobumnyama.

Ithemba alibulali. Likhona iqhaza elingabanjwa izinhlaka ezahlukene zomphakathi ukunqanda le nkinga. Kungabanjiswana ngokuthi kusungulwe amakomidi azoqapha ngeso lokhozi ezindaweni ezahlukene. Leli thimba lingabandakanya amalungu omphakathi, amaphoyisa, othisha, abafundisi bezenkolo, abeluleki bezengqondo kanye nabasebenzi bezenhlalakahle. Ukuqeqeshwa kwamakomidi nokubamba imihlangano yomphakathi kungalekelela ekunqandeni lo mkhuba. Abanye abantu asebake baboshwa ngenxa yokuba ingxenye yamaqembu ezigelekeqe kodwa asebaphuma kuwo nabo bangawenza umehluko.

1.1.1 Yiliphi izwe elibhekene nezinga eliphezulu lobugelekeqe okuxoxwa ngalo lapha? (1)

1.1.2 Abantu abangakanani abavamise ubuzibandakanya nalawa maqembu ezigelekeqe? (2)

1.1.3 Gagula OKUBILI okungadala ukuba kube namaqembu ezigelekeqe emphakathini? (2)

1.1.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:
**Ukulala obenyoni** kusho...
A. ukulala nezinyoni.
B. ukulala isikhathi esifushane.
C. ukulala ngokwethuka.
D. ukulala ubusuku bonke. (2)

1.1.5 Bhala izinto EZIMBILI abaphathi bezigelekeqe abaheha ngazo izingane. (2)

1.1.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisetshenzisiwe kule misho:

1.1.6.1 Senza ukuba **babe nyamanambana** kwabanye abantu. (2)

1.1.6.2 Abazali banesandla ngokuziyekelela zibe **umhlambi kazelusile.** (2)

1.1.7 YIQINISO noma UMBONO ukuthi izingane ziyazikhethela ukuba semaqenjini ezigelekeqe? Sekela impendulo yakho. (3)


1.1.8 Ngokucabanga kwakho izikole zingakuvimba kanjani ukuhlaselwa kwabafundi ezikoleni amaqembu ezigelekeqe? (2)

1.1.9 Kunamthelela muni kwezomnotho ukuba khona kwalawa maqembu ezigelekeqe emiphakathini? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.10 Ucabanga ukuthi yiziphi ezinye izinto ezingadalulwanga esiqeshini ezingaba isisombululo ekunqandeni ukusungulwa kwamaqembu ezigelekeqe? (2)

1.1.11 Yini edala ukuba kube nzima ukutakula ingane esingene kulo mkhuba wezigelekeqe? (2)

1.2 Bukisisa **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.



1.2.1 Bangaki abantu abakulesi sithombe? (1)

1.2.2 Iyiphi enye indima edlalwa umlilo ngaphandle kokubafudumeza abasesithombeni? (2)

1.2.3 Uma ubukisisa isithombe umama ohleli uyazithethisa noma uyazikhulumisa izingane zakhe? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.4 Yikuphi okukhombisa ukuthi laba abasesithombeni kabawazweli amakhaza ngendlela efanayo? (1)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Fundisisa lesi UMBHALO C ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7, ubhale ngezindlela zokujezisa izingane.

### IMIYALELO

1. Bhala ngemisho ephelele. Amagama angeqi/angadluli kwangama-60
2. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyi-7
3. Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye
4. Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

### UMBHALO C (OFUNDWAYO)

IZINDLELA ZOKUJEZISA IZINGANE

Uhulumeni akavumi ukuba izingane zijeziswe ngendlela abazali abakhula bejeziswa ngayo. Lokhu kubangwa abanye babazali abajezisa izingane ngendlela ehlukumeza nokwehlisa isithunzi ingane. Zikhona ezinye izindlela umuntu angazisebenzisa ukujezisa ingane ngaphandle kokuphula umthetho.

Umzali kumele abheke ukuthi isijeziso sengane siyahambisana necala elenzile futhi simlungele lowo mntwana. Ukujezisa kufanele kube nesifundo esithile ecaleni elenziwe umntwana. Uma ingane yonile umzali angayephuca ithoyizi lokudlala elikhonzile. Lokhu kwenza ingane kube khona ekudingayo kumzali. Kuhle ukuba umzali abeke imigomo yokuthi uzolibuyisa nini lelo thoyizi.

Ingane ungayenqabela ukuba iyovakashela abangani bayo uma ekonile kuhambisana/kuxhumene nabangani bayo.

Ingane ungayinswinya ngokuthi uyenqabele ukuba ibuke izinhlelo ezithile noma ibuke umabonakude ngezikhathi ezilawulwa umzali. Uma lokhu iqhubeka nokukwenza ungasiqinisa isigwebo ngokuthi ungayivumeli ukuba ibuke umabona kude.

Kwesinye isikhathi kumele uvumele imvelo ukuba ifundise umntwana wakho. Umntwana oneminyaka engaphezu kweyisithupha uma enqaba ukugqoka ijezi, ungamyeka ngalelo langa ukuze agodole.

Ukuklomelisa umntwana kungenye yezindlela zokumsiza akwazi ukuhlukanisa okuhle nokubi. Ingane izofunda imikhuba emihle ukuze ithole okuthile. Yonke into

emhlabeni iyasetshenzelwa. Umntwana angenzi into encane bese umbonga ngento enkulu.

Kwesinye isikhathi umntwana ufuna ukhulume naye ukuze afunde ikhono lokulalela acubungule nezenzo ezimbi. Omunye umntwana wona engazi ngempela. Kubalulekile ukukhuluma naye.

Ingane ifunda ngokubona. Umzali kumele enze izinto ezinhle phambi kwengane ukuze ifunde kuye. Akuzwakali kahle uma umzali ebhema ugwayi eluleke ingane ukuba ingakwenzi lokho ngoba iphunga likagwayi liyangena kancane kancane emzimbeni.

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## UMBHALO C (OFUNDWAYO)

## ISIQHEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (Ofundwayo nobukwayo)

**QEDINDLALA AGENTS**

**EQEDINDLALA SISIZA ABAFUNDI UKUBA BAZITHOLELE AMATOHO NGEZIKHATHI ZAMAHOLIDE.**

Amaholide kaZibandlela aseseduze. Umfundi nomfundi engazitholela otikana ngokuthi asebenze ngalawa maholide kaZibandlela. Sisebenzisana nezitolo ezinkulu nezindawo zokudla eziphambili:

- KwaRichdens Spar.
- KwaNongoloza
- Pick 'n Pay.
- Woolworths.
- Kwancindumunwe
- Spur.
- Mugg n Bean.

**Nakhu odinga ukuba ukwenze:**

- Ukuthumela incwadi yokuzichaza.
- Impilo-mlando.
- Incwadi eqinisekisa lapho uhlala khona.
- Imininingwane yebhange olisebenzisayo.

Kule email noma WhatsApp
itoho@qedindlala.co.za/ 062 425 0011

**Usahlaleleni? Woza kwaQedindlala Agent ngokushesha**

Imigomo nemibandela
Sithatha abafundi abaneminyaka kuSukela kweyi-16 kuya kweyi-19.
Umuntu uyazihlelela izinto zokuhamba.
Sithatha 10% womholo wakho.

3.1 Kukhangiswa inkampani eyenzani lapha? (1)

3.2 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
Igama **otikana** lisho:

A. imali endala
B. Imali encane
C. imali entsha
D. imali yamaholide (1)

3.3 Iyiphi indawo ongathanda ukusebenza kuyo ekhangiswe lapha? Sekela impendulo yakho. (2)

3.4 Bhala izinto EZIMBILI ezinhle ngokusebenza ngamaholide uma usafunda. (2)

3.5 Yiziphi izinhlobo zezingcezu zenkulumo ezakhe ibizombaxa **uqedindlala**? (2)

3.6 Luhlobo luni lwebizo igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho:

**Amaholide** kaZibandlela aseseduze. (1)

3.7 Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yilo musho ongezansi? Usahlaleleni? (1)

[10]

## UMBUZO 4

Bukisisa **UMBHALO E** bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO E (Ofundwayo nobukwayo)**




*[www.googlepics.com]*

4.1 Obani amagama alaba abakhuluma kule khathuni? (2)

4.2 Tomula isabizwana sokukhomba esisenkulumweni kaBhoza bese uzakhela umusho wakho. (2)

4.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe ukuchaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Wafika **wadlala ngebhathini likaphethiloli.**

A wehlisa imali yokuthenga uphethiloli

B wavala ukwakhiwa kukaphethiloli

C wakhuphula imali yokuthenga uphethiloli

D wawucisha ewuvula uphethiloli (1)

4.4 Ngokucabanga kwakho yini edala ukuba igama likaMasaka lihambelane kahle naye. (2)

4.5 Nciphisa igama elibhalwe ngokunzima kulo musho ongezansi.

Ube thunywe ukuyoukuyodala **amathuba** omsebenzi. (1)

4.6 Kunamthelela muni omubi ukwenyuka nokwehla kwemali kaphethiloli emphakathini. (2)

**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Fundisisa **UMBHALO F** bese uphendula imibuzo ezolandela:

**UMBHALO F (Ofundwayo)**

USicelo yibhungu elineminyaka engama-22 elingahlali phansi, uthanda ukwelekelela umama wakhe obakhulise ngemali yokuthengisa amasokisi, futhi esebenza epulazini. Esikhundleni sokudla izidakamizwa wathatha isinqumo sokubamba amatoho esemncane ukuze azifundise aphinde alekelele nodadewabo omncane. Ubethi uma ephuma esikoleni ayosebenza emajalidini, ekuseni ukusa kwaziwe nguye eyovulela abafundi amasango njengoba kunguye obephethe abafundi.

Ngemali abeyenza elekelela unina ngokuthengisa amasokisi wakwazi ukumphumuza ekusebenzeni epulazini. Waqhubeka wagcina esethengisa izicathulo emgwaqeni. Lokho kwenza aqongelele kakhulu imali yokuyofunda esikhungweni semfundo ephakeme.

Esikoleni waphasa kahle iziBalo, iSayensi kanye nesiNgisi. Lokho kwamenza wathola umfundaze wokuyofundela iziqu zobudokotela enyuvesi yase- Witswatersrand. ukuzimisela kwaphumelelisa iphupho lakhe washintsha amasu namaqhinga abewasebenzisa. Lo mfundi ubenephupho lokugcina elisezingeni eliphezulu lempilo ezosiza abantu abasha abaphuma emindenini ehluphekayo.
Waba yingxenye yabafundi abaphumelela ngamalengiso. Ubunzima adlule kubo benza wabona izinto ezimqoka ngaphezu kwayo yonke into. “Ngifisa sengathi nginganikeza intsha inkundla lapho kuzokhulunywa khona kabanzi ngokuphumelela empilweni”; kusho uSicelo ebambe isitifiketi sakhe sobudokotela.

*[Umbhalo wokuziqambela]*

(2)

5.1.1 Guqula lo musho olandelayo ube sebunyeni:
Baqhubeka nokuthengisa izicathulo.

5.1.2 Mqondo muni (impambosi) equkethwe yilesi sijobelelo esibhalwe ngokugqamile emshweni ongezansi?
Ubakhul**isa** ngemali yokuthengisa amasokisi. (1)

5.1.3 Bhala lo musho ube senkathini ezofika.
Uthanda ukulekelela unina. (1)

5.1.4 Lungisa iphutha kulo musho olandelayo bese uwubhala kabusha.
Leliqembu lidlala ibhola. (1)

5.1.5 Khipha isiphawulo esitholakala kulo musho olandelayo bese usisebenzisa emshweni ozakhele wona.
Azosiza abantu abasha. (2)

5.1.6 Tomula umusho oyinhloko/omkhulu kulo musho omagatshagatsha olandelayo: (2)
USicelo yibhungu elineminyaka engama-22.

5.1.7 Bhala isifinyezo segama elilandelayo.
Dokotela.

(2)


5.1.8 Guqula inkulumo ngqo elandelayo ibe yinkulumo mbiko.
“Ngifisa sengathi nginganikeza intsha inkundla” kwasho uScelo.

(2)

5.1.9 Tomula igama eliyisandiso senkathi emshweni olandelayo.
USicelo obevuka ekuseni ayovula amasango esikolweni. (1)

5.2 Bukisisa UMBHALO G bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G (Ofundwayo nobukwayo)




[Isithombe sicashunwe ku-www.googlepictures.com]

5.2.1 Inkulumo kababa kaKhetha ivusa muphi umuzwa? (1)
5.2.2 Tomula amazwi akhombisa inkolelo engaguquki. (2)
5.2.3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.
Hlobo luni lwesifengqo oluqukethwe yila mazwi abhalwe ngokugqamile?
Bazozwa iphunga **lamanzi amponjwana.**

A. Isifaniso
B. Ihaba
C. Isihlonipho
D. Uteku (1)

5.2.4 Yini ebingehlela uKhetha njengoba ebuya ekhaya phakathi kwamabili? (2)
**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU D: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE 80**